

**NguMongameli  
uHenry B. Eyring**  
Ikhansela Lokuqala  
kubuMongameli Bokuqala



# Uvukile

**U**bufakazi bangempela Lovuko lwabafileyo lukaJesu Kristu kuyisiqalo esinethemba kanye nokuzimisela. Futhi kungaba njalo kuwownke umntwana kaNkulunkulu. Kwakunjalo kimi ngosuku lwasehlobo ngoJuni ka1969 ngesikhathi umama wami eshona, kuhlezi kunjalo kuyoyonke iminyaka edlulile, futhi kuzakuba njalo kuzekufike lapho ngizombona futhi.

Ubuhlungu obuvela ekwahlukanisweni kwesikhshana kwasuswa ngokuphazima kweso kwangena injabulo. Kwakungaphezu kwethemba lokujabula ngokuhlangana. Ngenxa yokuba iNkosi yembulile okuningi ngabaprofethi Bakhe futhi ngenxa yoMoya oNgcwele uqinisekisile iqiniso Lovuko lwabafileyo kimina, ngiyabona engqondweni yami ukuba kuzakuba kanjani ukuhlanganiswa futhi kanye nabahlanziweyo bethu kanye nabavukile kwabafileyo bethu abathandekayo:

“Laba yilaba abazokusondela phambili kuvuko lwabafileyo lwabalungileyo. . . .

“Laba yilaba amagama abo abhalwe ezulwini, lapho uNkulunkulu kanye noKrestu bangabahluleli bawonke umuntu.

“Laba bangalabo abangamadoda alungileyo enziwe ngokupheleleyo nguKrestu ongumkhululi wesivumelwano esisha, owabhala lokuhlawulelwa okupheleleyo ngokuchitheka kwegazi lakhe” (D&C 76:65, 68–69).

Ngokuba uJesu Krestu wanqoba ukufa, bonke abantwana bakaBaba waseZulwini abazalwe kulomhlaba bazakuvuka kwabafileyo benomzimba ongeke waphinde wafa. Ngakho-ke ubufakazi bami kanye nobakho ngaleloqiniso elingcwele bungasusa ubuhlungu baloyo osesishiyile oyilungu lomndeni othandekayo noma umngane bese bufaka esikhundleni salokho injabulo yokulangazelela kanye nokuzimisela okuqinileyo.

INkosi isinikeze sonke isipho sokuvuka kwabafileyo, lapho imimoya yethu izakuhlanganiswa kanye nemi-zimba engeke yasoze yafa (bona uAlma 11:42–44). Umama wami uzakubukeka emusha futhi ejabulile, ukuguga ngenxa yeminyaka yakhe kanye nokuhlupheka iminyaka ngokomzimba kuzakususwa. Lokho kuzakuza kuye futhi nakithi njengesipho.

Kepha labo abethu abafisa ukuba naye ingunaphakade kumele benze ukhetho ukuba bavumeleke ukuba bahlangane naye, ukuba baphile lapho uBaba kanye neNdodana yakhe Ethandekayo eyavuka kwabafileyo ehlala khona kwinkazimulo. Lapho okuyindawo kuphela impilo yomndeni ingaqhubeka khona ingunaphakade. Ubufakazi balelo qiniso buphakamise ukuzimisela kwami ukuba ngivumeleke kanye nalabo engibathandayo ekuphakameni okuphezulu kakhulu kombuso ngenxa yokuHlawulelwa kukaKristu okusebenzayo ezimpelweni zethu (bona D&C 76:70).

INkosi isinikeza indlela ekhombayo ekufuneni impilo yangunaphakade emthandazweni yesidlo seNkosi leyo esiza mina futhi ingasiza nawe. Siyamenywa ukuba sivuselele izivumelwano zethu zokubhabhadiswa kuyo- yonke imihlangano yesidlo seNkosi.

Siyathembisa ukuba sizokhumbula uMsindisi. Izi- mpawu zokuzinikela kwakhe zisiza thina ukuba sijabu- lele ubukhulu bendleko ayikhokha ekunqobeni ukufa, ekukhombiseni uzwelo, kanye nokusixolela izono zonke zethu uma sikhetha ukuguquka.

Sithembisa ukuba sizogcina imiyalelo Yakhe. Ukufu- nda imibhalo engcwele kanye namazwi wabaprofethi abaphilayo kanye nokulalela abakhulumani abagqugu- zelisayo enhlanganweni yethu yesidlo seNkosi kusi- khumbuza ngezivumelwano zethu ukuba senze njalo. Umoya oNgcwele uletha ezingqondweni kanye nase- zinhlizweni zethu imiyalelo leyo ekudingeke kakhulu ukuba siyigcine kulolosuku.

Emthandazweni wesidlo seNkosi, uNkulunkulu uthembisa ukuba uzoletsa uMoya oNgcwele ukuba ube nathi (bona uMoroni 4:3; 5:2; D&C 20:77, 79). Ngitholile ngalesosikhashana ukuthi uNkulunkulu anganginikeza lokho okuzwakala sengathi inkulumo evela kuyena. Uyangazisa lokho engikwenzile ukuthi kuyamjabulisa, isifiso sami sokuba ngiguquke futhi ngixolele, kanye namagama futhi nobuso balabo bantu azofisa ukuba ngibasize ngokusebenzela Yena.

Eminyakeni edlulile, leyo mfundiso ephindaphi- ndekile ephendule ithemba laba imizwa yozwelo futhi yaletha isiqiniseko sokuthi uzwelo lwalunikeziwe kimi ngokuHlawulelwa kanye Novuko lwabafileyo lukaMsindisi.

Ngibeka ubufakazi ukuthi uJesu unguKristu ovukileyo, uMsindisi wethu, kanye nesibonelo

sethu esiphelele futhi uyindlela ekhombisa impilo yangunaphakade.

---

## UKUFUNDISA OKUVELA KULOMLAYEZO

Kumele “siqhathanise wonke umbhalo ongcwele kanye nathi, ukuze sithole inzuzo kanye nemfundo” (1 uNifayi 19:23). Cabanga ngokufunda imithandazo yesidlo seNkosi, etholakala Kwimfundiso kanye Nezi- vumelwano 20:76–79. Emva kokufunda izimfundiso zikaMongameli uEyring ngemithandazo yesidlo se- Nkosi, ungamema labo obafundisayo ukuba bacabange ngezindlela lemikhuleko ingabahola ezimpilweni zabo futhi ibasize bakwazi futhi ukubuyela ukuyophila kanye noBaba waseZulwini futhi noJesu Kristu.

## INTSHA

### Inkulumo Yakho kanye noNkulunkulu

**U**Mongameli uEyring ufundisa ukuthi njengoba sila- lela imithandazo yethu yesidlo seNkosi, singazizwa sengathi sikhuluma kanye noNkulunkulu. uMongameli uEyring ucabanga ngalezindawo ezintathu ezilande- layo. Cabaganga ngokubhala lemibuzo kwijenali yakho futhi udlinze kuyona iSonto nesonto kulenyanga. Njengoba udlinza futhi uthola ugqozo oluvela kuMoya oNgcwele, ungaphinde ubhale futhi ngalezo kwijenali yakho.

- Yini engiyenzile leyo ejabulise uNkulunkulu na?
- Yini engiyidingayo ukuba ngiguquke kuyona noma ngicele ukuxolelwa kuyona?
- UNkulunkulu angathanda ukuba ngisebenzele bani?



# Izivumelwano zeThempeli

*Funda lomlayezo futhi, ngokufanelekile, xoxa ngayo nalabo dade obavakashelayo. Sebenzisa lemibuzo ukusiza ukuqinisa odade bakho nokwenza Inhlangothi Yabesimame Yenkululeko ibe yingxenye ebalulekile yempilo yakho. Ukuthola ulwazi oluningi ngalokhu, iya ku [www.reliefsociety.lds.org](http://www.reliefsociety.lds.org).*

Ukholo • Umndeni • Inkululeko

**B**ayaqonda ukuthi imithetho esindisayo etholakala ethempelini esivumelayo ukuthi ngelinye ilanga sibuyele kuBaba wethu waseZulwini kubuhlobo bomndeni baphakade futhi ubusiswe ngezibusiso zasethempelini kanye namandla avela phezulu afanele inani lokuzinikela kwethu kanye nemizamo yethu konke.<sup>1</sup> wakhuluma uMongameli uThomas S. Monson. Uma ungazange uye ethempelini, ungazilungiselela ukuthola izimiso zethempeli ezingcwele ngoku:

- Kholelwa kuBaba waseZulwini, uJesu Krestu, kanye noMoya oNgcwele.
- Khulisa ubufakazi ngokuHlawulelwa kukaJesu Krestu kanye nevangeli elibuyisiwe.
- Sisekele futhi silandele umprofethi ophilayo.
- Sivumeleke ukuthola igunya lokungenisa ethempelini ngokukhokha okweshumi, sihlanzeke ngokuziphatha, sithembeke, sigcine Izwi leNhlakanipho, futhi sivumelane kanye nezimfundiso zeBandla.
- Sinikezele ngesikhathi, amathalente, futhi nezindlela zokusiza ukwakha umbuso weNkosi.
- Ukuzibandakanya ngomsebenzi womlando womndeni.<sup>2</sup>

Umongameli uMonson waqhubeke wafundisa, “Njengoba sikhumbula izivumelwano esizenzayo phakathi [ethempelini], sizokwazi ukumelana nobunzima futhi sikwazi nokunqoba izilingo ngasinye.<sup>3</sup>

## **Kuvela embhalweni Ongcwele**

Imfundiso kanye Nezivumelwano 14:7; 25:13; 109:22

## **Kuvela Emlandweni Wethu**

“Abangcwele abangaphezulu kuka 5,000 bahlanganyela eThempelini laseNauvoo emva kokubusiswa kwalo. . . .

Umfutho, amandla, kanye nezibusiso zezivumelwano zethempeli [zisekelwe] ngabaNgcwele Bezinsuku-zokugcina ngesikhathi lohambo lwabo [entshonalanga], ngenkathi be [hlupheka] ngokugodola, ukushisa, indlala, ubumpofu, ukugula, izingozi, kanye nokufa.<sup>4</sup>

Njengabaningi odade Benhlangothi Yabesimame Yenkululeko, uSarah Rich wasebenza njengomsebenzi wasethempelini. Wakhuluma ngesifundo sakhe: “Uma kungazange kube ukholo kanye nolwazi olwanikezwa thina kulelo-thempeli ngu . . . uMoya weNkosi,

uhambo lwethu beluzawufana nokuthi sithathe umsebenzi esingazi ukuba sizowenza kanjani. . . . Kepha sibenokholo kuBaba wethu waseZulwini, . . . sizwa ukuthi besingabakhethiwe Bakhe . . . , futhi kunokuba sidumale, sazizwa ukuthi sijabulela usuku lwethu lwenkululeko olwaluselufikile.”<sup>5</sup>

Uhambo lwakhe azange lube “umsebenzi ongaziwa ukuba uzawenziwa kanjani” kulona owayenokholo owesifazane Ongcwele wezinsuku Zokugcina. Zasekelwa ngezivumelwano zazo zethempeli.

## **AMANOTH**

1. uThomas S. Monson, “The Holy Temple—a Beacon to the World,” *Liahona*, uMeyi 2011, 92.
2. Bona *Daughters in My Kingdom: The History and Work of Relief Society* (2011), 21.
3. uThomas S. Monson, *Liahona*, uMeyi 2011, 93.
4. *Daughters in My Kingdom*, 29–30.
5. uSarah Rich, in *Daughters in My Kingdom*, 30.

## ***Ngingenzenjani?***

- 1.** Ngiyakhonza ethempelini njalo na?
- 2.** Ngiyagqugquzela yini odade ukuba bathole izibusiso zethempeli na?